k194 L3-15

UMBUTHANO WOMPHAKATHI, EKHIMBILI

-

INKULUMO NGUMANGOSUTHU BUTHELEZI, UMONGAMELI WEQEMBU

LENKATHA YENKULULEKO
ENKUNDLENI YEZEMIDLALO I-EDDIE WILLIAMS OVAL, SQUARE HILL

MHLAKA 13 MASHI 1994

Bafowethu nodadewethu, ngize lapha ukuzokwethula inkulumo yami kini nginethemba elikhulu nokulangazelela. Ngize lapha ngethemba nokulangazelela ukuthi nizohlanganyela nami ekulweleni inkululeko, ubulungiswa kanye nokunethezeka. IQembu leNkatha

yeNkululeko liyisihlangu esikhulu sokuthula nalokho okuhle ezweni

Lo

lakithi. Singaninika ikhaya nabobonke abathanda umbuso wentando

yeningi eNingizimu Afrika. Siyanethembisa nina nabobonke abathanda ukuthula baseNingizimu Afrika ithuba lokuzihlanganisa negembu elizinikele ekuvikeleni amalungelo enu. Ukuze nisenze

sibe umbutho omkhulu kunalokhu wozani nihlanganyele kanye nathi empini yethu. Thina siyikusasa. Ukwesekwa kwethu kubanzi futhi akufunyanwa nje kuphela phakathi kwabantu abayiningi abampisholo baseNingizimu Afrika kepha sesekwa abafowethu nodadewethu abaMhlophe, amaNdiya kanye namaKhaladi. Siyigembu labobonke baseNingizimu Afrika ngoba yithina esihlinzekela ikhaya kubobonke abantu abafana nani abakholelwa emasikweni abo, emndenini

nangaphezu kwakho konke abakholwa kuNkulunkulu.

e

Namuhla sonke sisengozini. Izwe lethu likhungethwe yizinxushunxushu. Thina nabobonke labo abakholelwa embusweni wentando yeningi futhi abathanda ukuthula silengiselwe isikhali

yilabo abangakufuni ukuthula kanye nombuso weginiso wentando

yeningi. Izinswelaboya kanye nabasocongi bezombusazwe bacanasa emigwageni yethu. Izigebengu nomalalâ\200\231epayipini bayasesabisa futhi basifake itwetwe ngokuthanda. Akukho lapho sivikeleke khona. Akukho lapho singabalekela khona ulaka lwezitha zokuthula kanye nombuso wentando yeningi. Sihlaselwa ezindaweni zokuphuza,

ezindleleni lapho siya emisebenzini ngisho nasemakhaya ethu

imbala. Amaphoyisa nawo awanamandla okusisiza. Kuthi nalapho bebabopha abahlaseli bethu babuye badedelwe ngoba uhulumeni enikeza imiyalelo yokuthi abayekwe mpumpununu.

A

Izimilo =zethu wugobo nazo =ziyahlaselwa. Ukuzethemba kwethu kuhlala njalo kubukelwa phansi ngabefundisi abasitshela ukuthi kulungile ukubulala uma sicindezelwe. Imiphefumulo yethu

ihlaselwa ngamaKhomanisi nalabo abangakholwa. Ngenxa yamanga abanawo batshala ukungabaza emigondweni yethu. Akumangalisi-ke

ukuthi sizithole sicasukile, sididekile futhi sesingenalo ithemba.

Thina ku-IFP silapha ukuzonihlinzeka ngamandla nokuvikeleka enikufunayo futhi okunifanele. I-TFP yinhlangano yoqugaba ezinikele enkululekweni yenu nabobonke abakhele iNingizimu Afrika ukuze nikhululeke obandlululweni, embusweni wamaKhomanisi kanye nasekucindezelweni. Sinomlando esizighenyayo ngawo wokuthi salwa nobandlululo kanye nokucindezela. Empeleni yingoba thina ku-IFP

salwa nombuso wobandlululo mahlanze esikhundleni sokugoka indlela

e )

elula yokubaleka Kkulelizwe okusenza ukuba sibe nokwesekwa yizigidi zabantu. Yingoba sizabalaze ngaphakathi ezweni okusenze sazuza ukuhlonishwa futhi yingoba sinakekele izimfuno zenu kugala ngaphambi kwalezo zegembu okusenza sithandwe. Namuhla amalungu

ethu asengaphezulu kwezigidi ezimbili futhi isibalo siya sikhula.

Ukuba umgodla wethu ubunazo 2zonke izikhali abanazo 1labo esincintisana nabo, ngabe sesinamandla amakhulu kunalokhu

kuzozonke izingxenye zaseNingizimu Afrika.

Izinkulungwane ngezinkulungwane zabantu zizihlanganisa negembu lethu ngoba ziyazi ukuthi sizinikele ekulweleni amalungelo azo. Bayazi ukuthi silwela umbusazwe wentando yeningi weqginiso futhi ngaphezu kwakho konke silwela ukuba bakhululeke. Ngenkathi

uHulumeni eniphoga ukuba niphathe odompasi, ngubani owengaba

ukughutshwa kokusebenza kwaloluhlelo? Yithina esasikhona khona

lapha ngaphakathi kwemingcele yezwe. Ngenkathi uHulumeni ephoga iTranskei, iCiskei, iBophuthatswana kanye neVenda ukuba bathathe

"inkululeko-mbumbulu’, ngubani owengaba ukuhambisana nalolohlelo?

Kwakuyithi, hhayi labo abasigxekayo, abenza lokho. Ngenkathi abaphathi besiFunda bezama ukuchitha abantu bethu ehlathini laseDukuduku ngubani owashesha wayobavikela futhi oselwa kanye nabo. Nalapha futhi yithina ku-IFP hhayi abagxeki bethu.

Umzabalazo wethu esikhathini esedlule bewubhekiswe kuHulumeni weQembu lamaNeshinali. Umzabalazo wangomuso uzogondiswa esakhiweni soMbuso wamaKhomanisi. Ngize lapha ukuzoninxusa ukuba nihlanganyele kanye nathi kulempi. Sekuyisikhathi sokuba nithole

oy f%

kabusha ubumgoka benu futhi nivuselele umoya wenu wokuzabalaza.

Sekuphele amakhulu eminyaka kwesulelwa kini izinyawo. UHulumeni . weQembu lamaNeshinali waniphosa ematilongweni, wanichapha ngezinhlamba futhi wanenza nazizwa ningento yalutho. Bantshontsha wumhlaba wenu. Babhidliza izindlu =zenu futhi banihlalisa ezindaweni lapho bona gobo lwabo babengeke bakwazi ukuphila khona ngoba lezozindawo zingenazo izindlela

zokuziphilisa.

Kabadelanga ngalokhu kepha bedlula banengabela ukuba niye amadolobheni, baniphoga ukuba niphathe odompasi futhi banemuka nelungelo lenu lobuzwe baseNingizimu Afrika. Bakhombisa unya

olukhulu banehlisa isithunzi ngokuniphoga ukuba nisebenzise

by

iminyango yenu eyehlukile futhi nisebenzise namakheshe enu nodwa. Babenganivumeli nokuba nisebenzise amabhishi angakaNkulunkulu yena yedwa. EThekwini okuyidolobha elikhulu kunawowonke esiFundeni selaKwaZulu/Natali lapho kunengxenye enkulu yamaNdiya eNingizimu Afrika, abantu abangamaNdiya babengavunyelwe ukubhukuda oLwandle lwaseNdiya oluzungeze amabhishi aseThekwini.

Namhlanje lapho izinsuku =zokubusa zeQembu lamaNeshinali seziluphela, ningalenzi nakancane iphutha lokucabanga ukuthi

nizokhululeka. Nishaye phansi kwashunga uma nicabanga lokho.

Angeke nanini nikhululeke ngaphansi kukahulumeni weâ\200\224ANC. Umbimbi

iâ\200\224ANC elwakhe neQembu lamaKhomanisi laseNingizimu Afrika alikuginisekisi lokhu. Amalungu eQembu 1le-SACP yiwona angongqoshishilizi. Nanxa niyohlala ninesilonda ngobuhlungu obalethwa ubandlululo, kufanele nimbonge uNkulunkulu ngokuthi

Q%

iQembu lamaKhomanisi alikaze libuse eNingizimu Afrika.
KwiNyunyana yaseRashiya uStalini wagquma ejele futhi wabulala

hhayi idlanzana, hhayi futhi izinkulungwane kepha izigidigidi
zabantu abangenacala ngendlela efanayo noHulumeni weQembu

lamaNeshinali, iQembu lamaKhomanisi lasusa ngenkani abantu

emhlabeni wabo lase libenza iziggila ezweni labo. KwiNyunyana yaseRashiya nakuzozonke izindawo lapho amaKhomanisi ebusa khona, abantu bebengavunyelwe ukukhonza uNkulunkulu. Iziphathimandla zazize zitshele izingane ukuthi uNkulunkulu yinto engekho. Labo ababebhadanywa bekhonza uNkulunkulu babehlukunyezwa futhi babulawe.

Namuhla abaholi bamaKhomasini sebegqunywe ejele futhi banqunywa

Â¥ O

ngamacala abawenza emphakathini. Ngisho eRashiya imbala lapho kwazala Kkhona ubuKhomanisi, iQembu lamaKhomanisi selavalwa umlomo. Kepha thina eNingizimu Afrika sisenamaKhomanisi afana nabanumzane Joe Slovo kanye noHarry Gwala abazilungisela ukuthatha izikhundla zabo ePhalamende futhi abathembisa ukuthi bazoletha umbuso wamaKhomanisi eNingizimu Afrika. Nanxa loluhlelo lombuso laletha ububha kuzozonke izindawo, bona bathi luzosebenza ngempumelelo eNingizimu Afrika. Kuyoze kube nini nicindezelwe? Kuyoze kube nini nibekezelela imifanekiso yenhlalo efana nobandlululo kanye nobuKhomanisi? Kuyoze kube nini ninyathelwa ngezinyawo? Anikhathele yini wukuhlala ngaphansi kwethunzi lokwesaba? Anikhathele vyini wukuhlala ngaphansi kwemithetho kaHulumeni waseNingizimu Afrika kanye nombimbi lwe-â\200\224 ANC/SACP? Anikhathele yini ukugwema ukuya emsebenzini ngoba umbimbi lweâ\200\224-ANC/SACP/COSATU lunitshela ukuthi nenze njalo?

R

Futhi kungani izingane zenu zingayitholi imfundo enhle? I-ANC ibeka icala ubandlululo ngakho konke lokhu. Lokho kodwa-ke kuyingxenye nje yeqginiso. Kodwa bakwenza lokhu ukuze bakwazi ukwedlulisela icala kwabanye. Akusibo yini abenza nilahlekelwe imisebenzi ngenkathi betshela umhlaba ukuthi kunswinywe lelizwe? Akusiyo yini imisebenzi yabo yemibuthano yoqugaba eyakhubaza umnotho okwaphetha ngokuthi nilahlekelwe imisebenzi? Akusibo

yini futhi abaphazamisa imfundo yezingane zenu lokho osekwenza

manje zingakwazi ukuthola imisebenzi? Yebo, lena imisebenzi

yabo. Futhi YIBO bengahlangene namuntu asebevimba uhulumeni ukuba anakhele izindlu ezingcono. Ngenkathi uNgqgonggoshe weziNdlu uMnumzane Shill enza isimemezelo sohlelo lokwakha izindlu oluzodla amabhiliyoni ayi-9, kabachithanga sikhathi base

bemhlasela.

Thina ku-IFP yithina gembu kuphela esiyokwazi ngaphandle

kokwesaba nokwenzelela ukuthi sibeke icala kulabo abalenzile.

Thina ku-IFP siyilona gembu kuphela eselimelane neâ\200\224ANC.

LoHulumeni obusayo weQembu lamaNeshinali untekenteke. Sewunikele ukubuswa kwalelizwe ezandleni zoMkhandlu oBusayo wesikhashana lapho kukhala khona isicathulo se-ANC. Lohulumeni sewudayise ngezwe lethu ku-ANC nozakwabo bamaKhomanisi mahhala ngenxa nje yesethembiso sokuthi uyohlomula izikhundla kuKhabhinethi

kaHulumeni omusha. Yithina kuphela esisele ukuphikisana nombimbi

lweâ\200\224ANC/SACP. Yithina sodwa esisele ukubhekana nokuhlaselwa uphiko lwezempi lweâ\200\224ANC uMkhonto weSizwe. Bangaphezulu kwamaâ\200\224360

abaholi bethu asebesocongwe amalungu oMkhonto weSizwe.

LY

Izinkulungwane zabesekeli bethu nazo sezabulawa. Naphezu kokubhujelwa okungaka sithi ku-ANC manje naphakade; noma ningabulala abangaki kithina angeke nikubulale ukuzimisela

kwethu. Siyoghubeka silwe nani futhi siphikisane nezinhlelo zenu

ezimbi zokubusa lelizwe njengefa lenu. Siyobhekana nani ubuso nobuso noma ngabe niwaphethe ama-AK-47 enu. Angeke nanini sicele umaluju futhi siyolwa kuze kube sekugcineni.

Ukuze sivikele abasekeli bethu kumalungu oMkhonto weSizwe, sesiqgale ukugegesha izinhla zokuzivikela KwaZulu kanye naseNtilasifali. Lezizinhla zokuzivikela zizobekwa kuyoyonke

imiphakathi eyinkololo yodlame.

Inggikithi yomgomo wethu ngeNingizimu Afrika entsha ukunika ukuvikeleka kanye nenhlalakahle kubantu baseNingizimu Afrika. Abantu baseNingizimu Afrika sebanele ukwesatshiswa. Senicikekile iziteleka 2zokungayi emsebenzini kanye nobunswelaboya. Uma sesiwuHulumeni kwiNingizimu Afrika entsha siyowabhidliza lamagogwana ezigebengu aniphilisa kanzima. Siyobashaya ngoswazi oluginile labo abayozama ukunesabisa futhi siyobuyisela ukuhlonishwa komthetho emiphakathini yenu.

Kufanele nikhumbule ukuthi iNingizimu Afrika entsha angeke ighibuke ngelanga njengamakhowe. Angeke ifike ngemuva kokhetho nanomaâ\200\224-ke ngemuva kweminyaka elishumi kusukela manje. Empeleni iNingizimu Afrika entsha angeke ize ibekhona ngaphansi koMthethosisekelo ka-1993 owamukelwa yiPhalamende ngoDisemba. Ake ngichaze ukuthi ngikushiso yini lokhu. UMthethosisekelo

A, e

ufana nemithetho yomdlalo webhola lezinyawo. UMthethosisekelo

unika wonke umuntu ithuba elilinganayo lokuvelela futhi kufanele

ubeke imithetho eqinile okufanele wonke umuntu ayilandele. Ngalendlela kufanele kube umgingo mina nawe nabobonke abaseNingizimu Afrika abawesekayo futhi abawuthakaselayo. UMthethosisekelo ka-1993 awusiwo umqulu onjalo. Lomthethosisekelo awulutho ngaphandle kokuba ube umphumela wezivumelwano zangasese ezenziwa phakathi kweâ\200\224ANC noHulumeni.

Lamagembu amabili ayehlangana ezindaweni ezinyimfihlo (BOS BERAADS) ukuginisekisa ukuthi yiwona wodwa azuzayo. Ayengawudlali umdlalo ngemithetho eyamukelekile. Ayefonka. Thina ku-IFP angeke sikwamukele lokhu. Siwutshelile umhlaba wonke ukuthi lomthethosisekelo awusiwo owethu futhi akungowamuntu

ngaphandle kokuba ube oweâ\200\224-ANC kanye noHulumeni. Ngaleyondlela-ke siyawuchitha. Thina sasifuna umbuso wobuFederali ezweni lakithi.

Lomthethosisekelo awuwuhlinzekeli umbuso ’wobuFederali’’.

Ngiyazi ukuthi abaningi benu bayadideka ngamagama afana "nomthethosisekelo kanye â\200\231nobufederali" kepha ngicabanga ukuthi kufanele nazi ukuthi igama "lobufederali" 1lisho ukuthini, ukuthi

kungani singenawo umbuso "wobufederali’ nanokuthi loluhlelo

lombuso 1luhle ngani kwiNingizimu Afrika. Sifuna umbuso wobufederali ngoba uzonizuzisa nina bantu baseKhimbili. UMbuso wobuFederali wuzoninika ithuba nina bantu baseNyakatho neKapa ukuba nizibuse nina. Nizoba nethuba 1lokukhetha wumholi enimthandayo. Lowomholi angaba umuntu ohlala kulesifunda ngaleyondlela ozokwazi izidingo zenu. UMbuso ’’wobuFederali’

uyophinda futhi wusondeze wuHulumeni eduze nalapho nikhona.

Â£) 9w

Ngaphansi kwezimiso zomthethosisekelo osebenzayo, nina niphethwe ePitoli. Ake ningitshele-ke ukuthi iPitoli yazini ngalokho enikudingayo ngempela? Alazi nolunci! Ngokulethwa kombuso wobufederali, uHulumeni wesifunda seseNyakatho neKapa angalethwa eKhimbili. Ngalendlela kungezwakala enikushoyo okokugala ngga.

Okunye okwenza umbuso wobufederali nizuze ngawo ukuthi uzoletha

izindlu kini nina bantu baseKhimbili masinyane kunohlelo olughubekayo njengamanje kuloHulumeni. Kuyobakhona ukuphembeka kwemisebenzi ukuze nikwazi ukuhlinzekela imindeni yeni kanye nezingane zethu futhi kwenziwe ngcono imisebenzi yezempilo. Umbuso ’wobufederali’" uyophinda futhi ukuvumele ukuthi ukhulume ngolimi owaluncela ebeleni. Angeke uphogeleke ukukhuluma

isiBhunu noma isiNgisi wuma ungathandi. Loluhlobo lombuso luyosivumela ukuba sigoke izinsuku zamaholide ngokuhlonipha amaghawe amakhulu alendawo futhi ininike ithuba 1lokufundisa izingane zenu ngendlela enifisa ukuba zifundiswe ngayo. Uma i-IFP yehluleka ukunizuzela umbuso "wobufederali’, iâ\200\224-ANC nozakwabo abangamaKhomanisi bayokwazi ukuphatha izikole zenu. Njengoba

kwakwenzeka ekugaleni bayokwazi ukufundisa izingane zethu ukuba zinganihloniphi futhi batshele nezingane zenu ukuthi akekho

uNkulunkulu.

I-IFP kuphela elwela umbuso wobufederali. Onke amanye amagembu asesatshiswe 1i-ANC kanye nozakwabo abangamaKhomanisi wukuba bamukele umthethosisekelo ongengcono kunalona esinawo. Sesiyitshelile iâ\200\224ANC ukuthi angeke silungenele ukhetho

ngaleyondlela sisimamise umthethosisekelo wabo ngaphandle uma

ST

bevumela izimfuno zethu zezichibiyelo esizicelile kuMthethosisekelo.

Siyitshelile i-ANC ukuthi asizimisele ukungenela ukhetho kuze kufike isikhathi lapho kuvunywa khona izimfuno zeSilo samaBandla. Ngenyanga edlule iSilo samaBandla safuna ukuba kubuyiselwe uMbuso waKwaZulu. ISilo satshela uMongameli de Klerk ukuthi sikhathazekile ngokufadalala kwezingxoxo zokubonisana ezigonde ekwethuleni umbuso wobufederali kulelizwe. Ngaphambi kokuba izingxoxo zokubonisana zifike kwanggingetshe, iSilo sabaMandla sasizimisele ukwamukela uhlelo lokubusa lobufederali ngoba ngalendlela sasizokwazi ukusebenzisa amandla aso obukhosi

esifundeni saKwaZulu/Natali. Manje ngoba izingxoxo zokubonisana

sezehlulekile ukuletha umbuso wobufederali, iSilo akusekho esingakwenza ngaphandle kokuthi sithi alibuye izwe lawokhokho

baso, iNkosi uShaka, emasisweni.

ISilo samaBandla futhi sesazisile ukuthi abantu baso angeke bazibeke bona, uMbuso wabo kanye nendalelo yabo ezandleni zalabo abaphumelela okhethweni. ISilo sikubeke kwacaca ukuthi indalelo kaZulu iyohlahlelwa indlela ngamaZulu ugobo lwawo. Naphezu kwabo bonke ubuhlungu ubandlululo olwabuzisa iSilo, sisalokhu sizimisele wukusebenzisa ilungelo 1likaZulu lokuzibusa ngale kwemingcele yobuzwe embusweni wamaZulu. Izikhathi ngezikhathi iSilo sikubekile ukuthi sizimisele ukwamukela ikusasa lombuso wobufederali lapho bekuzobakhona ukuzimela okwanele kwesifunda obekuzokwanelisa ilungelo lamaZulu lokuzibusa. UMnumzane Mandela wasithunaza iSilo lapho ethi sizishaya ngendlebe etsheni

ngokuxoxa ngaloludaba noMongameli de Klerk. Manje ngenkathi iSilo samaBandla sizithola sikulesisimo, kufanele ngiseseke. Empeleni kufanelo sonke siyeseke iNgonyama ezimfunweni zayo

ngisho nalabobantu baseNingizimu Afrika abangesiwona amaZulu.

Ukuze silethe iNingizimu Afrika entsha, enokuthula, inkululeko kanye nokunethezeka, thina ku-IFP siyakwamukela ukuthi akufanele nje sinizuzele umbuso wobufederali kepha kufanele siginisekise

ukuthi siba nohlelo olukhululekile lohwebo emnothweni wakithi.

Uhwebo olukhululekile 1lusho wukuthi niyonikezwa inkululeko

yokwakha imali ngangamakhono enu. Uhwebo olukhululekile lwakha imisebenzi lwenza izwe linothe kakhulu. Uhwebo olukhululekile

lusho ukuthi niyokwazi ukwenza noma yini eningayenza ukuthi

oy

nizizuzele imali nina nemindeni yenu. Namuhla uhulumeni usenemithetho eminingi enivimbelayo ekwenzeni imali. Anikwazi ukudayisa imikhiqgizo yenu lapho enithanda khona. Angeke umuntu akwazi ukuvula ibhizinisi ngaphakathi egcekeni lakhe. Angeke ukwazi ukudayisa amandla akho okusebenza ngenani elifiswa nguwe. I-ANC initshela ukuthi ifuna iholo elibuncane balo linqunyiwe ukuze nikwazi ukuceba. Kodwa-ke kusizani ukubakhona kwamaholo aphezulu uma engekho umuntu ozimisele ukukugasha ngaleloholo elinqunyiwe. Uhwebo olukhululekile 1lukuvikela wukuba udayise amandla akho okusebenza ngenani ocabanga ukuthi likufanele.

Thina ku-IFP sifuna ukuba nicebe. Sifuna wukunihlinzeka ngezindlu, imisebenzi kanye nezimoto. Kodwa-ke phela ningasho ukuthi namanye amagembu asho njalo. Umgudu wohwebo olukhululekile kuphela ongakuholela endleleni eya ekucebeni.

B

Ngaphansi kukaHulumeni weâ\200\224IFP akuyukubakhona umthetho oyonivimbela ukuthengisa imikhigizo yenu ezitaladini.

Akuyikubakhona umthetho oyonivimbela ukuthengisa amandla enu okusebenza ngentengo eniyifunayo. Akuyikubakhona umthetho onivimbayo wukugala amashibhi enu ngaphakathi emagcekeni.

Yilezizindlela eziyonenza nisimame bese nikwazi ukuthuthuka.

I-ANC noHulumeni wamaNeshinali abakholelwa ohwebeni olukhululekile. I-ANC isakholelwa ohlelweni lomnotho olulawulwa uHulumeni. Bathi uHulumeni oyokwakha umcebo. Banitshela ukuthi

uHulumeni oyonihlinzeka ngemisebenzi, izindlu kanye nezimoto

ezinhle. Lana ngamanga aluhlaza. Akukho hulumeni kunoma

yiyiphi indawo emhlabeni owake waba nemali eyanele ukuhlinzekela

A%

wonke umuntu ngemisebenzi kanye nemizi. INingizimu Afrika iyizwe elimpofu. Asifani neMelika yona ekwaziyo ukuhlinzekela izidingo zengxenye enkulu yezakhamizi zayo. Asifani neBrithani lapho uhulumeni ekwaziyo ukubhekela izidingo zabantu zezindlu kanye nempilo. Asifani nezwe lase Thayiwani lapho cishe engekho khona umuntu ongasebenzi.

Kepha kungani lamazwe ekwazi ukuhlinzekela izakhamizi zawo thina sibe singakwazi. EMelika, eBrithani kanye naseThayiwani basebenzisa uhwebo olukhululekile. Yileso naleso sakhamuzi sivumelekile ukwakha umcebo ngangamandla aso ngaphandle kokuvinjwa yimithetho nezimiso. Izakhamizi zaseMelika, eBrithani kanye nezaseThayiwani zisebenza kanzima. Basebenza kanzima ngoba bayazi ukuthi bayazigcina izithelo eziningi zemisebenzi yabo ezingayi kumthelisi njengoba kwenzeka kulelizwe. Kulawomazwe

komnotho wuma uhulumeni engakuniki inkululeko ukwenza lokho okufisayo. Angeke futhi kubekhona ukukhula komnotho uma NINA ningasebenzi kanzima. Angeke futhi kubekhona ukukhula komnotho uma NINA ningavunyelwa ukwenza izinto eninekhono lokuzenza ukuze

nakhe imali. Ngalendlela-ke siyaludinga uhwebo olukhululekile.

Uma i-ANC ithembele kuhulumeni ukwakwa umcebo, yinye vo into

abayogcina bephumelelile wukuyenza lokho okuyokuba ukwandisa ububha.

Umbuso wobufederali kanye nohwebo olukhululekile yizona zinsika zomgomo weâ\200\224-IFP eqonde ngazo ukwenzangcono izimpilo =zethu, ukunihlinzekela ngezindlu kanye nemisebenzi. Siyoba noxolo nokunethezeka eNingizimu Afrika kuphela uma silandela lemigomo emibili. I-ANC neQembu lamaNeshinali bona banganitshela

